Isifundo 13

**Mandulo 21-27*

Umphakathi Wezinceku

NgeSabatha Ntambama

Kuleli viki funda ku:
2 Korinte 2:14-16, Eks. 32:1-14, 1 Petru 2:12, Filipi 2:15, Efesu 2:19, Heb. 10:23-25.

Indimana Yekhanda:
Masibambisise isivumo sethemba lethu singaxegi, ngokuba ukholekile lowo owethembisayo, masiqaphelane, ukuze kuvuswe uthando nemisebenzi emihle" (amaHeberu 10:23, 24).

Njengoba sifuna ukufeza umsebenzi wobuKrestu, asingabukeli phansi okungenziwa yibandla njengomphakathi wabakholwayo ohlelekile. Sesizibonile izinselele esingase sibhekane nazo emizamweni yokulwa nokungalungi nobumpofu. Kodwa ngokusebenzisana nabanye abakholwayo, singaba yisibusiso kulabo abasizungezile. Siyalingeka ngokuthi uma sihlangene njengebandla, sithathekiswa ukugcina ibandla uqobo lisebenza, sikhohlwe ukuthi ibandla likhona ukuze likhonze umhlaba lapho libekwe khona uNkulunkulu. Njengebandla, asingakushayi indiva ukuhlupheka nobubi obukhona yonke indawo. Uma uKrestu engazange akushaye indiva, nathi asingakushayi indiva. Masethembeke kuloluthumo lwethu lokushumayela ivangeli, kanti kanyekanye nokushumayela kukhona umsebenzi wokusiza abacindezelwe, abalambile, abahamba-ze, nabaswele usizo.

Ngokubambisana njengebandla, singumzimba kaKrestu (bheka ku 1 Korinte 12:12-20). Kanjalo-ke, thina njengomphakathi, simelwe ukuhamba njengalokho uJesu wahamba, sifinyelele kwabanye njengaYe, sikhonze njengezandla zaKhe, izinyawo zaKhe, izwi laKhe, nenhliziyo yaKhe emhlabeni namhlanje.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Mandulo 28.*

Abasebenzela Inguquko

Sibonile ezahlukweni zokuqala kweyeZenzo indlela amaKrestu okuqala aqamba ngayo uhlobo olusha lomphakathi, enakekela abaswelayo phakathi kwabo, futhi kanyekanye befinyelela kuleyo miphakathi engaphandle, benikeza usizo lapho ludingeka khona, bebamema ukuba bahlanganyele nalokho uNkulunkulu akwenzayo phakathi kwabo. Ukwenezela emifanekisweni kaJesu kasawoti nokukhanya, uPawulu usebenzisa izifanekiso eziningi ukudweba isithombe sokusebenza kwebandla emhlabeni. Phakathi kwezinye, uchaza labo abaphila njengabantwana bakaNkulunkulu njengomhlatshelo (bheka amaRoma 12:1), umzimba kaKrestu (bheka ku 1 Korinte 12:12-20), amanxusa (bheka ku 2 Korinte 5:18-20), nanjengephunga elimnandi (bheka ku 2 Korinte 2:14-16). Lezifanekiso ngasinye, zikhuluma ngendima noma amanxusa okusebenzela inguquko khona manje kuwo lomhlaba okhahlamezwe yimpikiswano enkulu phakathi kukaSathane noNkulunkulu.

Bukeza "lamanxusa" angenhla ngalinye. Yiliphi elichaza kangcono indlela ongathanda ukumela ngayo uNkulunkulu nezindlela zaKhe emphakathini wangakini, futhi ngasizathu sini?

_____

_____

_____

Lezifanekiso ngasinye, sinomsebenzi ohambisana nazo, kungesiyo indlela yokuncenga ukwamukeleka kuNkulunkulu, kodwa njengabantu asebamukelekile vele kuNkulunkulu ngomhlatshelo kaKrestu, abantu abasabela othandweni lukaNkulunkulu nomusa waKhe ngokuthi babe yizithunywa zaKhe emhlabeni ofayo. Kodwa zingabuye zibukwe ezingeni elijulile: ngoba umbuso kaNkulunkulu uphathelene nothando nomusa kaNkulunkulu, uma sisebenza ngalendlela, sibonakalisa kwabanye uthando nomusa, sesekela umbuso waphakade futhi sinesabelo kuwo kumanje. Kwezomthetho wamazwe ngamazwe, isizinda samanxusa ezwe elithile, sithathwa njengenxenye yezwe esisimele, yize noma sikwelinye izwe, kude nasekhaya. Ngendlela efanayo, ukusebenza ngezindlela zombuso kaNkulunkulu kunikeza ufifana ngalowo mbuso sisekhona la, ngakhoke, kukhomba ekunqotshweni kobubi okuyokwenzeka ekugcineni. Ngokwenze njalo—njengamanxusa kaKrestu, njengezithunywa zikaKrestu—singabuzwa ubuqiniso bothando lwaKhe nokulunga kwezethu izimpilo ebandleni, nasezimpilweni zalabo esifisa ukubasiza.

Funda ku 2 Korinte 2:16. Yini umehluko phakathi kwamaphunga amabili, futhi singazi kanjani ukuthi siyiliphi thina?

Insali Eyizinceku

Incazelo eyejwayelekile yabantu bensali baseBhayibhelini, itholakala kuSambulo 12:17: labo "abagcina imiyalo kaNkulunkulu, benobufakazi bukaJesu Krestu" (bheka neSamb. 14:12). EBhayibhelini, lezimpawu zichaza abantu bakaNkulunkulu kulesikhathi sokugcina somlando womhlaba. Kodwa futhi, ezindabeni zeBhayibheli, singathola izibonelo zendlela lensali eyenza ngayo izinto, kakhulukazi indlela labantu abasiza ngayo abanye.

Isibonelo sikaMose mayelana nalokhu siyethusa. Funda kuEksodusi 32:1-14. Yikuphi okufanayo lapha phakathi kukaMose nensali echazwe kuSambulo 12:17?

Ethukuthelele uIsrayeli, uNkulunkulu wayesesho ukubaqeda, bese kuthi izithembiso azenza kuAbrahama—zokuthi izizukulwane zakhe ziyokuba yisizwe esikhulu—ziyokuba ezikaMose nomndeni wakhe (bheka uEks. 32:10). Kodwa uMose akakuthandanga lokho. Esikhundleni salokho, uMose waba nesibindi sokuphendulana noNkulunkulu, esho nokusho ukuthi uma uNkulunkulu eqhubeka nalokho athi uzokwenza ngeke kubukeke kahle (bheka uEks. 32:11-13). Kodwa uyaqhubeka azibeke engcupheni elokhu enxusa uNkulunkulu. UMose wayethwele kanzima ehola labantu ehlane. Babelokhu bekhononda kusukela ekuphumeni kwabo ebugqilini. Kodwa, uMose uthi kuNkulunkulu: "Uma ungabathetheleli, ake ungesule encwadini yaKho oyilobileyo" (Eks. 32:32). UMose uncama ukulahlekelwa uphila kwaphakade ukuze kusindiswe labo ayekade ehamba nabo yonke indlela. Leso yisibonelo esiqavile sokuzidela sokuncengela labo abangakufanele ukuncengelwa! Kuyisifanekiso esinamandla secebo losindiso! "Njengoba uMose wayencengela uIsrayeli, ukwesaba kwakhe kwagqitshwa ukushisekela kwakhe nothando ngalabo ayebenzele okukhulu kangaka eholwa yisandla sikaNkulunkulu. UNkulunkulu wakulalela ukuncenga kwakhe, wawamukela umthandazo wakhe owawungenakuzicabangela. UNkulunkulu wayeseyihlolile inceku yaKhe; wavivinya ukwethembeka kwayo nothando eyayinalo ngalabo bantu abangenakubonga, nabaphambukile endleleni. UMose wakumela ngendlela ehloniphekile ukuvivinywa. Ukuthanda kwakhe uIsrayeli kwakungaqhutshwa ukuzicabangela. Impumelelo yabantwana bakaNkulunkulu abakhethiwe yayibaluleke kuyena ngaphezu kodumo lwakhe, nangaphezu kwelungelo lokuba uyise wesizwe esikhulu. UNkulunkulu wathokoza ngokukholeka kwakhe, inhliziyo yakhe ethobekile, nobuqotho bakhe, wamnika ukuba umelusi othembekile, ahole uIsrayeli ukuya ezweni lesithembiso."—Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets*, ikhasi 319.

Lokhu kusitshelani mayelana nokuthi sifanele ukubaphatha kanjani abaphambukile abasizungezile?

Ukufinyelela Emiphefumulweni

Uma kuxoxwa emabandleni ngezinye izikhathi kuphikiswana ngokuthi yikuphi okumelwe kugxilwe kukho—umsebenzi wokusiza umphakathi noma umsebenzi wevangeli, ukunaka abampofu noma ukufakaza, ubulungiswa noma uvangelo. Kodwa uma siyiqondisisa kahle yonke lemikhakha, sibone nokusebenza kukaJesu, uyaphela umehluko, sibone ukuthi ukushumayela ivangeli nokwenza umsebenzi wokusiza abanye, kusondelene kakhulu. Kwesinye sezicaphuno zika Ellen White esaziwa kakhulu, wachaza kanje: "Yindlela yokusebenza kaKrestu kuphela ezosiphumelelisa ekufinyeleleni ebantwini. UMsindisi waxubana nabantu njengaLowo obafisela okuhle kodwa, wazuza ukwethenjwa yibo. Wase ethi kubo: "Ngilandeleni."……

"Abampofu badinga ukusizwa, abagulayo banakekelwe, abadabukile nabashonelwe baduduzwe, abaswele ulwazi bafundiswe, abangenamava balulekwe. Sidinga ukukhala nalabo abakhalayo, nokuthokoza nabathokozayo."—Ellen G. White, *The Ministry of Healing,* ikhasi 143. Njengoba sesibonile, lezenzo ezimbili zombuso—ubulungiswa novangelo—zaziphothene kakhulu, kungekuphela emsebenzini kaJesu, kodwa nangesikhathi ethuma abafundi baKhe bokuqala ethi: "Ekuhambeni kwenu shumayelani nithi: 'Umbuso wezulu ususondele.' Phulukisani abagulayo, nivuse abafileyo, nihlambulule abanochoko, nikhiphe amademoni. Namukelisiwe ngesihle, yiphani ngesihle" (Math. 10:7, 8). Ngamafuphi enye yezindlela ezinhle kakhulu zokufinyelela kwabanye abantu nesigijimi sethu ukuhlangabezana nezidingo zabo.

Funda ku 1 Petru 2:12 nakwabaseFilipi 2:15. Bathini oPetru noPawulu ngamandla okufakaza ngemisebenzi emihle eyenziwa abantwana bakaNkulunkulu?

Ngolwazi oluthe xaxa lwezindaba ezinhle zikaNkulunkulu, uvangelo alwenzi umqondo uma kungekho ukushisekelela abantu. Izindimana ezifana no 1 Johane 3:16-18 noJakobe 2:16 zigcizelela ukuphikisana okukhona phakathi kokushumayela ivangeli ngaphandle kokuliphila. Ebuhleni balo, uvangelo—ukuletha izindaba ezinhle zethemba, ukuhlangulwa, ukuguquka, ukwenziwa musha, kanye nothando lukaNkulunkulu—ukubonakalisa ubulungiswa. Kokubili, uvangelo nokulangazelela ubulungiswa, kuvela ngokuthi sibone uthando lukaNkulunkulu ngabalahleki, abaphambukile, nabasosizini—uthando olukhulayo nasezinhliziyweni zethu ngaphansi komthelela kaNkulunkulu ezimpilweni zethu. Asikhethi lokhu noma lokhuya; kunalokho, sisebenzisana noNkulunkulu ekusebenzeni nabantu, sihlangabezana nezidingo zabo zangempela, futhi sisebenzisa noma yiziphi izinsiza uNkulunkulu asiphathise zona.

Singaqiniseka kanjani kodwa, ukuthi njengoba senzela abanye abantu imisebenzi emihle, asiyeki ukushumayela izindaba ezinhle zosindiso?

Umusa Ngaphakathi Ebandleni

Ekuqaleni kwencwadi kaJobe, uNkulunkulu ukhomba uJobe nokwethembeka kwakhe njengesibonelo sobuhle bezindlela zikaNkulunkulu nendlela asebenzela ngayo abantu abawile (bheka kuJobe 1:8). Kuyathathekisa ukuthi uNkulunkulu uvumela udumo lwaKhe lwencike ekuthini abantu baKhe baphila kanjani la emhlabeni. Kodwa uPawulu uyenaba ngalokhu kwethemba kukaNkulunkulu abanye "abangcwele" baKhe, wabandakanya nebandla: "Ukuze imibuso nabanamandla emazulwini baziswe manje ngebandla ukuhlakanipha okuninginingi kukaNkulunkulu ngokwecebo laphakade" (Efesu 3:10).

Funda kwabaseEfesu 2:19. Ucabanga ukuthi kuhlanganiswe nani kulomqondo othi ibandla "liyindlu" kaNkulunkulu? Ukuchazwa okunje kufanele kube namthelela muni endleleni ibandla elisebenza ngayo?

Noma yimuphi umphakathi noma inhlangano, ukuthi lowo mphakathi noma inhlangano iwaphatha kanjani amalunga ayo, kuyisibuko salokho ekholelwa kukona. Njengendlu kaNkulunkulu, umzimba kaKrestu nomphakathi wakwaMoya, ibandla linobizo okuyilona oluphakeme kakhulu lokuphila amazwi athi: "Ngokuba uNkulunkulu kasiye owesiyaluyalu kepha ngowokuthula—njengokuba kunjalo emabandleni onke abangcwele" (1 Korinte 14:33), Izimpawu zobulungiswa, umusa kanye nothando—njengoba zibonakaliswe ukulungeni kukaNkulunkulu, nomusa waKhe nothando lwaKhe—mazibuse konke okwenzekayo ebandleni. Kusukela ebandleni langakini kuye ebandleni emhlabeni wonke, lezimiso akube yizona eziqondisa abaholi bebandla indlela abahola ngayo, abenza ngayo izinqumo, nokunakekela "omncinyane walaba" ebandleni. Futhi aziqondise indlela esixazulula ngayo izimpikiswano ezivelayo izikhathi ngezikhathi phakathi kwabazalwane. Uma singakwazi ukuphatha amalunga ethu ngendlela enobulungiswa nenhlonipho, singakwenza kanjani lokho kwabanye abantu?

Uma ibandla liqashe abantu, kufanele libe umqashi onesandla esivulekile, ocabangela abantu ngaphezu kwanoma yini enye into, lilwisane nokuphathwa kabi kwamalunga alo. Amabandla kufanele abe yizindawo eziphephile, lapho wonke amalunga enza konke okusemandleni ukuvikela ababuthakathaka. Futhi, njengoba sibona ebandleni lokuqala, amalunga ebandla kufuneka azimisele ukunikela ngenxa "yomndeni" webandla lawo ohluphekayo noma oswele. UJesu wakusho lokhu ngendlela ephoqayo, ethi lokhu ngeke kugcine-nje ngokuguqula abakholwayo, kodwa futhi kuzotshengisa ukuqiniseka kokukholwa kwabo kulabo ababukelayo: "Ngininika umyalo omusha wokuba nithandane; njengalokhu nginithandile, nani nithandane. Ngalokho bonke bayakukwazi ukuthi ningabafundi bami uma nithandana" (Johane 13:34, 35).

Khuthazanani Ekwenzeni Imisebenzi Emihle

Noma singaba nezinjongo ezinhle kanjani, futhi sikholwa ukuthi sisohlangothini lukaNkulunkulu nokulunga, ukusebenzela uNkulunkulu kungaba lukhuni futhi kuthene namandla. Usizi nobuhlungu yizinto zangempela emhlabeni . Lesi esinye isizathu somphakathi webandla. UJesu wenza isibonelo somphakathi onjalo ngabafundi baKhe. Kwakuqabukela ethuma umuntu ngayedwa, kanti noma kwenzekile lokho, kwakusheshe kuhlanganwe ndawonye, kwabelwane ngamava, kuvuselelwe umfutho nesibindi.

Funda kumaHeberu 10:23-25. Indimana 25 iyona eyaziwa kakhulu kulezindimana, ngakhoke izindimana ezimbili ezingenhla kwaleyo zenezelani olwazini lwethu ngalendimana eyaziwa kangaka? Yiziphi ezinye izindlela esingakhuthaza ngazo "uthando nemisebenzi emihle"?

Cisho kuyo yonke imisebenzi noma imikhankaso, iqaqobana labantu elisebenza ngokubambisana lenza okuningi ukwedlula bonke labo bantu uma bezisebenzela ngabanye ngabanye. Lokhu kuyasikhumbuza ngomfanekiso webandla njengomzimba kaKrestu (bheka kumaRoma 12:3-6), lapho wonke umuntu enendima elekelelana neyomunye. Uma sonke ngabanye senza kahle lokho esifanele ukukwenza, kodwa sikwenze ngendlela yokusebenzisana ndawonye, singethemba ngokukholwa, ukuthi izimpilo zethu nomsebenzi wethu kuzokwenza umehluko oyohlala ngunaphakade. Nakuba imiphumela ibalulekile-nje uma kuzanywa ukwenza okulungile—imiphumela iphathelene nabantu nezimpilo zabo—kuyadingeka ngezinye izikhathi ukuba sethembe uNkulunkulu ngokuthi ingase ibe njani imiphumela. Ngezinye izikhathi uma kusetshenzwa kuliwa nobumpofu, ukuvikela ababuthakathaka, ukukhulula abacindezelwe, nokukhulumela abangakwazi ukuzikhulumela, sizobona inqubekela-phambili encane. Kodwa sinethemba lokuthi senza umsebenzi omkhulu kakhulu nozonqoba ekugcineni. "Kepha masingakhathali ekwezeni okuhle, ngokuba siyakuvuna ngesikhathi esifaneleyo, uma singadangali. Ngakho-ke njengokuba sinethuba, asenze okuhle kubo bonke, kepha ikakhulu kwabendlu yokukholwa" (Galathiya 6:9, 10), bheka namaHeberu 13:16). Kungakho-nje sinxuswa ukuba sikhuthazane, sifakane ugqozi. Ukuphila ngokwethembeka kuletha intokozo kanti kubuye kube lukhuni. UNkulunkulu wethu wobulungiswa nomphakathi wethu wobulungiswa yizesekelo zethu ezinkulu, nesimema abanye abantu ukuba bazihlanganise nazo.

Ubani omaziyo ovame ukwenza umsebenzi wokulwa nokuhlupheka kwabanye abantu? Ungamkhuthaza kanjani lowo muntu kulomsebenzi omuhle awenzayo?

Ukujula Nomcabango:

Funda uEllen G. White, "A Faithful Witness," amakhasi 546-556, ku *The Acts of the Apostles;* "Kindness the Key to Hearts," amakhasi 81-86, ku *Welfare Ministry.* "Umsebenzi owawenziwa abafundi, nathi sidinga ukuwenza. Wonke umKrestu kufanele abe umvangeli. Ngozwelo nesihe, kufanele sisize labo abadinga usizo, ngokuqiniseka okungenakuzicabangela sifune ukudambisa usizi lokuhlupheka kwabantu…. "Asiphakele abalambile, sembese abahamba-ze, siduduze abahluphekayo. Sidinga ukusebenzela labo abangenathemba, sivuselele ithemba kubona. "Uthando lukaKrestu, olubonakaliswa ngemisebenzi yokuzidela, luzokuba namandla okuguqula umenzi wobubi ukwedlula inkemba noma inkantolo yezomthetho….Izikhathi eziningi, inhliziyo elukhuni uma ikhuzwa izoncibilika ngaphansi kothando lukaKrestu."—Ellen G. White, *The Ministry of Healing,* amakhasi 104, 106. "Ubugqila, ukucwasa ngokozalo, ukucwasa ngokobuzwe, ukucindezelwa kwabampofu, ukunganakwa kwabahluphekile,--konke lokhu akuhambisani nobuKrestu, futhi kuyisikhubekiso empilweni yabantu, futhi ububi ibandla likaKrestu elibizelwa ukuthi libuchithe."—Umongameli weGeneral Conference, uA. G. Daniells, ekhuluma ngomsebenzi ka Ellen G. White emgcwabeni wakhe, *Life Sketches of Ellen G. White,* ikhasi 473.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Kunabantu abaningi, namaqoqwana, nezinhlangano ezifuna ukudambisa ukweswela emhlabeni. Ibandla lama Seventh-day Adventist lingelekelela ngamaphi amakhono, ubuhlakani, nezinsiza okutholakala kulona kuphela?

2. Sikhona yini isikhathi osikhumbulayo lapho wazizwa wesekelwe futhi ukhuthazwe yibandla lakho? Ukusuka lapho, wena-ke ungakudlulisela kanjani lokho kwabanye abantu?

3. Ngaphezu kokwesekelwa yibandla, yiziphi ezinye izinto ezingakusiza ukugwema "ukukhathala ekwenzeni okuhle"?

4. Yimiphi eminye imikhankaso eqondene nobulungiswa nobumpofu oyaziyo lapho khona ibandla lamaSeventh-day Adventist libambe khona iqhaza emhlabeni jikelele? Wena ungaba naliphi iqhaza kulomkhakha womsebenzi webandla na?

Ngokufingqiwe:

Yebo, njengamaKrestu, sibizelwe ukusiza ukunciphisa izinswelo zabanye, ikakhulu labo abasosizini, abahluphekayo, nabacindezelwe. Futhi nakuba sidinga ukukwenza ngabanye ngabanye lokho, njengebandla eligxile ekusebenzeleni abanye, singaba nomthelela omkhulu uma sisebenzisana ndawonye njengomndeni webandla.